AS1985_2_6_9

/IVALIWE IZE IKHULUNYWE/

AMAZWI OKUBONGA

UMHLONISHWA UDOKOTELA F.J. VAN ZYL SLABBERT - ILUNGU LEPHALAMENDE, UMHOLI WEQEMBU ELIPHIKISAYO I-PROGRESSIVE FEDERAL PARTY.

NGUMNTWANA MANGOSUTHU G. BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU, UMENGAMELI WENKATHA NONGUSIHLALO WOBAMBISWANO LWABAMNYAMA BASENINGIZIMU NE-AFRIKA

EMKHANDWLINI WAKWAZULU
OSHAYA UMTHETHO : ONDINI 18 JUNI 1985

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngisukuma ukubonga uDokotela van Zyl Slabbert ngokuza kwakhe lapha Ondini namhlanje ukuzokhuluma nathi ngokomthetho ehambisana nawozakwabo, ukuba bazoxoxa nathi ngeNingizimu ne-Afrika nemisebenzi engenziwa nguHulumeni neNkatha ohlangothini olulodwa, kanye naleyo engenziwa yi-PFP ngakolunye uhlangothi ukudala uguquko lweqiniso kulelizwe ngokusebenzisa amasu namaqhinga okuthula.

Thina esikuleNdlu sikuqonda kahle ukuthi kulapha eNatali lapho ngokwesimo sezibalo zomphakathi, ezomphakathi, ezomnotho, ezombusazwe nangokwesimo sendawo, bucaca khona ubuthutha bobandlululo. Yulwazi lwethu olujulileyo lwendawo esizunge=zileyo nendlela esilinganisa ngayo isimo okusitshena ukuthi iNatali yehluke ngezindlela ezisobala kwezinye iziFundazwe nokuyikhona okwangiholela ekusunguleni iButhelezi Khomishani. Kasikho esinye isiFundazwe lapho umholi oMnyama ayengase abenethuba khona lokuthatha isinyathelo esifana nalesi. Umlando usuyoyahlulela iButhelezi Khomishani njengesehlo esisemqoka kakhulu. Yahlanganisa imibono eyehlukeneyo enqamula imingcele yezinhlanga nombusazwe okuyinto emangalisayo. Yakhipha imibiko owakhombisa izinga okungafinyelelwa ngalo ekuvumelaneni kwemiqondo ezindabeni ezinzule ezinqamula yonke lemingcele.

Isenzo sikaHulumeni sokuqala sokuyichitha nje ngaphandle ngisho kokuyibheka nje iButhelezi Khomishani sixoxa indaba ngamandla

oMbiko......./2

ombiko wayo neqiniso lenzelelo yawo ekucabangeni kweqembu lamaNeshinali kulengxenye yomhlaba. Ukuba uHulumeni wayevele wawemukela nje uMbiko weButhelezi Khomishani, lokho kwakuyosho ukuthi uphikisana nemigomo yemfundiso okwakweyeme kuyo ukuca= banga kweqembu lamaNeshinali ngaleyonkathi. Ngithi "Ngaleyo= nkathi" hhayi ngoba ngiqonde ukuthi uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika usephumelele ukuguqula umkhondo weqembu kwezombusazwe ezindabeni ezisemqoka, kepha ngikusho ngoba selingase libekhona manje ithemba lokuthi uHulumeni angase akwenze lokhu, okuyinto eyayingekho eminyakeni emine edlule.

Silindele uMengameli woMbuso ukuba acacise ukucabanga kwakhe maqondana neNatali. Ekhuluma ePhalamende, wachaza isimo saseNatali njengesimo "esivulekileyo" kwathi engxoxweni abanayo noMnu. Brian Walden kuthelevishini, wakhuluma ngeNatali njengodaba oselunqunyiwe lwanqunyelwa ngaphakathi kwemigoqo yobandlululo. Kasazi ukuthi kufanele simthathe kanjani uMengameli woMbuso, yingakho nje kwathi ngemuva kwaleyongxoxo yakhe kuthelevishini, ngaphoqeka ukuba ngihlanganise amazwi esiTatimende Senhloso ayengase aqoqe amazwi akhe uma esemu= kela.

Inkulumo kaDokotela van Zyl Slabbert siyilalele phezu kwale= zizimo zaseNatali naKwaZulu namhlanje. Yizindlebe zaseNatali naKwaZulu ebezimlalele kanti futhi okubalulekileyo, sikwahlu= lela sikuzwe phezu kwezifiso eziphakemeyo eziqondene nelase= Natali naKwaZulu.

Mhlonishwa Somlomo, Amalungu Ahloniphekileyo, ngineqiniso lokuthi uDokotela van Zyl Slabbert uyayazi imidiyo yeNatali naKwaZulu kwezombusazwe. Kangifuni ukubonakala sengathi ngifundisa uDokotela van Zyl Slabbert u-A-EBHE-NGCI wombusazwe, kepha ngiyafuna ukuphawula ngezinye izinhlangothi zesimo saKwaZulu. Abamhlophe baseNatali bangumhlathi owesabekayo omele ukucabanga kwabantu abasabambelele ezindleleni zakudala eNingizimu ne-Afrika. Naphezu kokuba iNatali, ngenkathi isabuswa yi-United Party,yayiphikisana neQembu lamaNeshinali,

iningi labamhlophe baseNatali abangamalungu amadala e-PFP nabangamalungu eNRP sebeyavumelana neQembu lamaNeshinali. Kukhona ingxenye yokucabanga nemibono yabamhlophe eNatali engakaze inyakaze esikhathini eside ngokwezombusazwe. Yilesi=sisekelo sabamhlophe abakhuluma isiNgisi abasabambelele ekucabangeni nasemibonweni yakudala osekuyisikhathi eside sihlinzeka iqembu le-NRP ngesisekelo okuyikuphela kwaso eyayingase iphumelele ukusisungula eNingizimu ne-Afrika.

Kulapha eNatali, mhlawumbe ngaphezulu kwaseKoloni lapho amaNgisi abeka khona izisekelo zobandlululo. Kulapha lapho amaNgisi asungula khona umngcele wombusazwe phakathi kweNatali nelaKwaZulu. Kulapha eNatali lapho kwasungulwa khona izabelo zabomdabu, njengoba zazaziwa ngaleyonkathi, ngokomthetho. Kulapho lapho amaNgisi azama khona kakhulu ukusungula lokho okwakubonakala njengokuzibusa kepha okwakuyikuqonelwa nokubuswa ngokupheleleyo. LesiSifundazwe sinezingxabo ezijulileyo emlandweni wabamhlophe wokucabanga nemibono yakudala. Kulapha eNatali lapho ingxenye yabamhlophe abakhuluma ulimi lwesiNgisi abasabambelele emibonweni yakudala behlangana khona noquqaba lwamalungu eQembu lamaNeshinali ukuzabalaza baphikise izingu=quko umuntu abona izimpawu zazo emazwini oMengameli woMbuso.

Ngenkathi uMengameli woMbuso, exoxa noMnu. Brian Walden, ethi ngeke lubekhona uhlelokazi lokulinga eNatali naKwaZulu, nalapho esho khona amazwi asho ukuthi imiphumela yeButhelezi Khomishani ngeke ifezwe ngoba kakukho ukuvumelana kwabayifunayo, wayezincengela kuloluhlangothi lwabamhlophe abavumelana neqembu lamaNeshinali eNatali.

Abanye abacubunguli baye bakulibala ngesinye isikhathi ukuthi nxa kukhulunywa ngokombusazwe wamaqembu, iNatali kulapho iQembu lamaNeshinali lingaphephile khona njengeqembu. Bayaku=libala ukuthi iQembu lamaNeshinali libuthakathaka lapha nxa kukhulunywa ngokusekelwa kwalo njengeQembu lombusazwe. Iqembu lamaNeshinali alikaze linqobe nakolulodwa ukhetho lomkhandlu wedolobha eThekwini noma eMgungundlovu futhi alikaze liphumelele

ukunqoba izihlalo ezeneleyo ukuliphumelelisa ukuba liphathe uMkhandlu WeSifundazwe saseNatali. Lapho umuntu ebuthakathaka khona uqaphela kakhulu, ngakho uMengameli woMbuso ukhombisa zonke izimpawu zokuthi unovalo ngekusasa leqembu lakhe kwezo=mbusazwe lapha ngemuva kokuba iNtabazwe (Harrismith) eFule=yistata isiguqukile isuka ekubeni yisihlalo seqembu lakhe esiphephileyo ibasengcupheni. Ngikholwa yikuthi sibhekene nezimo ezingajwayelekile lapha eNatali lapho labo abafanele ukuba seQenjini le-Conservative kuyibona abakhonyayo eQenjini lemaNeshinali. Lokho bakwenza ngegunya abalinikezwa yuvalo loMengameli Wombuso ngekusasa leQembu lamaNeshinali lapha eNatali. Nxa kukhona indawo lapha eNingizimu ne-Afrika lapho ukuba uMengameli Wombuso akhombise khona ubuhlakani bakhe ezindabeni zombuso, kulapha eNatali. Kudingeka ukuba angene ezitaladini nasemadolobheni aseNatali atshene abantu ukuthi iQembu lamaNeshinali selehlukene nenqubo yakudala kaVerwoerd nokuthi selizinikele embusazweni wokubonisana noma ngabe kwenzekani. Akakakwenzi lokho ngakho umuntu ufumana isithombe soMengameli Wombuso esebenzela phezu kwesiqinisekho salokho okunokwenzeka eziyingini lapho enamandla khona amakhulu, kunalapho kunesidingo khona esiphuthumayo ukugwema ishwa elingase ligubezele izwe lonke.

Simlalela phezu kwalomqondo uDokotela van Zyl Slabbert njengo=mholi weQembu Eliphikisayo ePhalamende. Simlalela njengenye yamadodana amabhunu. Simlalela njengomholi we-PFP kanti njengoba simlalela, sizibuza imibuzo yokuthi yimuphi umse=benzi osazosetshenzwa yi-PFP embusazweni wabamhlophe ukuxazululа isimo saseNatali sakwangqingetshe. Siyawazi umsebenzi osemqoka owenziwa yi-PFP njengeqembu eliphikiyo ngokomthetho. I-PFP kayiwona umphumela wokwenyulwa phakathi kwamalungu akhona. Iyiqembu eliphikisayo leqiniso futhi ithathwa kanjalo kuzozonke izigaba zombusazwe. Thina, Dokotela van Zyl Slabbert, i-PFP siyibona njengobuchopho obuhluzekileyo kwezombusazwe obusakazeke nawowonke amagumbi eNingizimu ne-Afrika, kepha ngenxa yokuba njengamanje siphezu komzamo omusha welaseNatali naKwaZulu wokudala uguquko lweqiniso, siyazibuza

ngasosonke..../5

ngasosonke isikhathi ukuthi ngabe iPFP izophumelela yini ukudala isisekelo sesifunda eNatali okuyinto engenayo kunoma yisiphi esinye iSifundazwe, futhi engakabinaso nalapha eNatali njengamanje.

Kungumbono wethu ukuthi ukuthula nokunethezeka kwangomuso ngeke kuphoqelelwe phezu kwezwe ngemithetho yePhalamende kepha kuyoqhamuka eNingizimu ne-Afrika njengomphumela wokwenzeka esigabeni sokuqala nesesibili sikahulumeni. Sekuyisikhathi eside kakhulu sinemiqondo evalekileyo ngokombusazwe ivalwa yikuqhathanisa lokho okuwuhlu eMbusweni nalokho okufanele iqembu malamaNeshinali. Sekuyisikhathi eside sifakwe amahhanisi asiphoqelelayo ngokwezombusazwe ukuba siphile impilo eyahle=lelwa ukusekela iqembu lamaNeshinali. IQembu lamaNeshinali selibenamandla amakhulu ePhalamende osekuneminyaka engama-37 engenayo ingozi ewalengelayo. kepha manje lawomandla asenengozi ewalengelayo. Kasikholwa yikuthi sizothuthukiswa yimithetho yePhalamende ehlelwe ngabahleli bombusazwe beQembu lamaNeshinali. Sizothuthuka ngenkathi isimo esiyiso siqhubeka nokukhombisa ukuthi ukucabanga okujwayelekileyo kweQembu lamaNeshinali kumpofu kangakanani futhi lokho kwenzeka ezingeni lasekhaya nasezingeni lesifunda. Izindawo eziyinkaba yamabhizinisi emadolobheni ethu zehlulekile ukuphila ngaphansi komqondo weQembu lamaNeshinali. Izimboni zehlulekile ukuphila ngaphansi komqondo weQembu lamaNeshinali. Lelizwe belingasoze laphume=lela ukuhlangabezana nezidingo zalo zezisebenzi ngaphansi komqondo weQembu lamaNeshinali. Izimo eziyiqiniso ezenzeka lapho kwenzeka khona izinto ezikhombisa ukuthi umqondo weQembu lamaNeshinali kazemukeleki, zihlala obala ezingeni lasekhaya nasezingeni lesifunda.

Ngifisa ukwengeza kulemicabango umcabango othi nxa abamhlophe benovalo olungaka lombusazwe olawula ukuthi lowo onqobayo uyokudla konke kangangoba sebeze baludicilela phansi uhlobo lukaHulumeni olulandela olwaseWestminster nokuthi nxa abaMnyama bengase balandele umbusazwe othi onqobayo uyokudla konke ngokusebenzisa ukuvukela umbuso ngodlame, lokho kusho

ukuthi...../6

ukuthi umbusazwe wokubonisana kufanele uhambisane nokwabiwa kwamandla okunikeza ukusebenza kwemikhandlu yasekhaya neye= sifunda ithuba esilidingayo kulelizwe lokulungisa lapho kungalungile khona.

Kangikhululeki nxa abantu bengincoma ngokuthula okubonakale kwelaKwaZulu naseNatali kulezizinyanga ezedlule zezibhelu ebezibhebhetheka ezindaweni eziningi. Kangikhululekile ngoba kuwikucubungula okuyiphutha okuthi yisandla sami esici= ndezela intukuthelo yomuntu oMnyama lapha kulengxenye ye= Ningizimu ne-Afrika. Kakulona neze iqiniso lokhu. Ngithathe ngingakhululeki kakhulu nxa ngibuzwa ngokuthula okubonakala kulengxenye yeNingizimu ne-Afrika, ngibuzwa ngabantu abaca= banga ngamaZulu njengabantu abathobela ukubuswa kakhulu kuna= bafowethu nodadewethu kwezinye izindawo. Bayahluleka ukuqonda ukuthi ukuthula kwethu, nxa kungachazwa kanjalo, kuyikuthula kwabantu abanamandla. Siyazi ukuthi isho ukuthini indluzula. Thina ngokwethu siphuma kulo iziko lodlame lwezimpi. Impi yaseNcome ngo-1838 kayizange imqede uZulu, kazange aphele futhi ngenkathi enqotshwa ngamandla apheleleyo amabutho amaNgisi ngo-1879. Ngaphambi kwalezizehlo, uMbuso waKwaZulu wawukhonya cisho kuyoyonke i-Afrika Eseningizimu. Siyazi ukuthi isho ukuthini impi. Ukuba sasizokhulula uhlono lwemihlathi yodlame esiyibona yonke indawo lapha eNingizimu ne-Afrika, lelizwe ngeke laphinda libeyinto efanayo ngemuva kwalokho - ngeke liphinde libeyinto efanayo kithi nasezi= nganeni zethu, ngeke futhi liphinde lifane nasezinganeni zakho Dokotela van Zyl Slabbert nasezinganeni zezingane zakho.

Lokhu okubonakala njengokuthula kwelaKwaZulu naseNatali kufanele kulandelwe emsukeni wombono owandileyo phakathi kwabantu abaMnyama wokuthi thina lapha eMkhandlwini waKwaZulu Oshaya Umthetho sesibuthe uhlobo lwamandla adingwa yiNingizimu ne-Afrika Emnyama ekubonisaneni noHulumeni ngoguquko oluyilo. Kukhona abanye abacabanga ngomqondo wokuthi uButhelezi uzowathulisa nje amakhafula aseNatali. Kayikho into ekude neqiniso ukwedlula lokho. Okukhulu kunakho konke engingakwenza

kepha futhi okuyinto encane engifanele ukuyenza, yikugcwalisa izethembiso zaleNdlu nezeNkatha zokuthuthuka ngombusazwe wokubonisana nokusebenzisa amasu namaqhinga okuthula. Uku=ntuleka kwentuthuko kuloluhlangothi nokudideka ngombusazwe wokubonisana okuzolandela ukwehluleka, kuzokhombisa amazinga eziqubu zokubheduka kodlame obelubheduka kwezinye izindawo kulelizwe njengomdlalo nje wodlame. Sengidale umbutho waba=landeli omkhulu kakhulu ongeke uvele ushabalale nje nxa uhlangabezana nokwehluleka.

Ngibhekene nomsebenzi osabekayo wokudala intuthuko ebonakalayo, ngakho nxa uMengameli Wombuso eyisiboshwa semizwa yeQembu le-Conservative phakathi kwamalungu eQembu lamaNeshinali lapha KwaZulu sinombuzo wokuthi iPFP izokwenzani ezingeni lasekhaya nasezingeni lesifunda kulengxenye yezwe ukuze isebenze njengento ebulala ubuthi bokubambeleka ekucabangeni kwakudala kwabamhlophe baseNatali.

Njengomholi oMnyama osephumelele ukufaka imihlathi eMnyama yezombusazwe ngaphakathi kwemingcele yezinhlelo zomthetho zaseNingizimu ne-Afrika, ngiyabazi ubunzima bemisebenzi umbu=sazwe wabalandeli owuthwesa abaholi. INkatha ingumphumela weminyaka emide eyishumi yokuzikhandla. Kayizange iqhubukise okwekhowe ngakho ngiyazi ukuthi umbusazwe wesizwe kawufani nebhizinisi lapho usungula khona umsebenzi, uwe ubuye uqale phansi usungule omunye kusasa. Kunabaholi abaMnyama abathatha umbusazwe sengathi ungakwazi ukuqala uyeke izinto kuze kube phakade. Angikwazi ngisho nokukucabanga ukuthi ngingaphinda ngisungule enye iNkatha empilweni yami, ngakho nxa ngibheka ngapha nangapha kwami, ngicabanga ukuthi kufanele kwemukelwe ukuthi iNkatha imele elinye lamathuba okugcina eNingizimu ne-Afrika Emhlophe lokubonisana ngekusasa eliyo=kwemukeleka kubobonke abantu.

Ngikhathazeke kakhulu ngokuthi uhlelo lokugcina oluhlongozwayo lokwenziwayo ezingeni lemikhandlu yesifundazwe nasezingeni lasekhaya uHulumeni ahlose ukuluphoqelela phezu kweNingizimu ne-Afrika, luzofana nembiliso ezoqinisa amakhanda abantu

abaMnyama njengoba kwenza sona isakhiwo esisha uqobo lwaso. IMikhandlu Yezifunda Yokusebenza (Regional Service Councils), njengoba ihlongozwa, izobanabantu abasondelene noHulumeni abayengameleyo ezingeni lesifundazwe, ngakho esimeni sayo njengamanje, izothatha indawo yezinye izinkundla njengenkundla yokukhonya kwamandla abamhlophe. Nxa zingezubakhona izinhlelo zokuphatha zaKwaZulu naseNatali ezisemthethweni, noma kuqhu= tshekwa nokuchithwa koMbiko weButhelezi Khomishani, iMikhandlu Yezifunda Yokusebenza kufanele ibhekane nokuhlaselwa yizidla= mlilo eziMnyama. Nxa ngingasonga izandla zami ngingenzi lutho ukubambisana nalezizinhlelo, zingahluleka kakhulu ukuba zibeyizinhlelo zokubonisana kwezombusazwe. UHulumeni kufanele avele akuqonde nje ukuthi izinhlelo zesigaba sokuqala nesesibili ezimenyezelweyo kufanele zisetshenziswe njengendlela yokwehlu= kana nomqondo wePhalamende Engunxantathu. Nxa izinhlelo zesigaba sokuqala nesesibili zisetshenziswa njengezinto zokuphasa iPhalamende Engunxantathu futhi zisetshenziswa emizameni yokwenza isakhiwo esisha semukeleke emthethweni, ziyokwehluleka kakhulu.

Kangikwazanga ukuhlanganyela embusazweni wemikhandlu yabaMnyama yasekhaya ngoba uHulumeni wayethula njengezinto zokuphasa isakhiwo esisha. Kangikwazanga ukuhlanganyela emsebenzini weKomidi yekhabhinethi (Special Cabinet Committee) ngoba uHulumeni usebenzisa leliKomidi emizameni yokubonisana nabaMnyama ngokwemukelwa kwePhalamende Engunxantathu. Kangi= kwazanga ukuhlanganyela enkundleni yokubonisana ngaphandle kwezinhlelo ezisemthethweni uMengameli Wombuso azama ukuyisu= ngula, ngoba izinhloso zakhe zisavaleleke emazwini asawaphimisile kuze kube yimanje. Usekucacisile ukuthi uyawuchitha uMbuso waseNingizimu ne-Afrika owodwa ohlangeneyo, noma ngabe unguMbuso owodwa ohlangeneyo onohulumeni wevoti ngomuntu. Ugcizelela ukubambelela ekwehlukanisweni kwezindaba eziqondene nalolohlanga nalezo ezihlanganisa izinhlanga ePhalamende Engunxantathu, futhi usagcizelela ukuthi izindaba eziqondene nabaMhlophe yizona ezinezwi elingujuqu engxenyeni engama-87 ekhulwini yezwe kanye nawowonke umcebo walo, ngaleyondlela

phezu...../9

phezu kwawowonke umgomo wangaphakathi eNingizimu ne-Afrika. Nxa lokho okwenzeka esigabeni sokuqala nesesibili sikaHulumeni kuhloswe ngakho ukuba kudale ukwemukeleka kokukhonya kwaba= Mhlophe engxenyeni engama-87 ekhulwini yezwe engazalelwa kulo, ngeke ngihlanganise lutho nakho. Sidinga ukubonisana ngokwe= nzeka esigabeni sokuqala nesesibili sikaHulumeni lapha KwaZulu naseNatali futhi lokho sidinga ukukwenza ngokushesha manje ngaphambi kokuba kuthathwe isinyathelo esingasenakuphinde siguqulwe sokukhiphela ngaphandle mina kanye nabantu abaMnyama baseNatali ekuhlanganyeleni kukho. Sikulalela phezu kwalemicabango-ke, Mhlonishwa, lokho okusho kithi namhlanje. Uyakubona ukuba= luleka kwalokho esikwenzayo KwaZulu. Uyakubona ukubaluleka komnikelo iNkatha ewenzayo embusazweni wokuthelelana amanzi. Uyasibona isidingo sokuma nathi ukuze kubuyiswe izwe lakithi embusazweni wodlame,noma ngabe yudlame eludalwa nguMbuso ngenhloso yokuxaka abantu ngobandlululo noma yudlame oku= hloswe ngalo ukuketula uHulumeni owenza lokhu kithi. Sinomgomo owodwa phakathi kweNkatha nePFP. Silindele ukuwandisa amathuba okuzwakalisa lowomgomo owodwa embusazweni wezinto ezithintwa ngezandla, futhi sethemba ukuthi njengoba senza lokho, singase sivume intando enhle, sihlangene noma sizimele, esekhona phakathi kwabantu abaMnyama nabamhlophe baseNatali neyibhuloho elivala igebe eliphakathi kwabamhlophe abasabambelele ekucabangeni okudala noguquko lweqiniso olufunwa ngabantu abaMnyama eNingizimu ne-Afrika.

------------

